



<b><u>FACULTY</u></b>	: Humanities
<b><u>DEPARTMENT</u></b>	: African Languages
<b><u>CAMPUS</u></b>	: SWC
<b><u>MODULE</u></b>	: ZUF3BB3 ZULU FOR THE FOUNDATION PHASE 3B
<b><u>SEMESTER</u></b>	: Second
<b><u>EXAM</u></b>	: Final Exam

<b><u>DATE</u></b>	: 21 November 2018	<b><u>SESSION</u></b>	: 3
<b><u>ASSESSOR(S)</u></b>	: Mr A Cassiem Mr T M Madingiza		
<b><u>MODERATOR</u></b>	: Mr G Coltman		
<b><u>DURATION</u></b>	: 2 HOURS	<b><u>MARKS</u></b>	: 100

---

#### INSTRUCTIONS / IMIYALELO

1. Answer all questions on this question paper.  
*Phendula yonke imibuzo ekuleli phepha.*
  2. You may answer in Zulu or English as required by the question.  
*Ungaphendula ngesiNgisi noma ngesiZulu ngokufanele.*
  3. This paper consists of 7 pages.  
*Leli phepha linamakhasi ayisikhombisa.*
-

**QUESTION 1 / UMBUZO 1: Comprehension**

**Read the passage below and then answer the questions:**

***Fundisisa isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo eyilandelayo:***

**Isikhohlwa uSurprise**

USurprise uyisikhohlwa. Akakwazi ukukhumbula nento encane. Ekuseni uyavuka. Ufuna ukubona ukuthi sithini isikhathi. Ufuna iwashi lakhe. Akazi ukuthi liphi. “Sekushaye u-seveni, shesha manje!” kusho umkakhe uRose. USurprise uyashesha. Ufuna ibhulukwe lakhe. Akazi ukuthi liphi. Ufuna izicathulo zakhe. Akazi ukuthi ziphi. Manje uqala ukukhathazeka kakhulu. Isikhathi siyagijima. Akafuni ukufika emva kwesikhathi emsebenzini. “Uzibonile izicathulo zakho phansi kombhede, nali ihembe phezu kwesihlalo, nanka amasokisi phezu kombhede. Awunamhlo? Awukhumbuli lutho, lutho?” kusho umkakhe.

“Ngiyabonga, ngiyabonga, musa ukungithethisa.” Manje uSurprise ufuna isikhwama sakhe kodwa akazi ukuthi siph. “Siphi isikhwama sami Rose?” kumemeza uSurprise. “Siphezu kwekhabethe! Usazongisanganisa wena baba!”

“Ngiyaxolisa, sengigugile, ngisebenza kakhulu” kusho uSurprise. Ukhohlwa ukuphuza ikhofi lakhe! Nokudla kwasemini ukushiya phezu kwetafula lapho ephuma endlini ukuya emsebenzini. We madoda, uSurprise uyisikhohlwa sangempela!

***Forgetful Surprise***

*Surprise is a forgetful person. He does not remember even a small thing. He wakes up in the morning. He wants to see the time. He looks for his watch. He doesn't know where it is. "It is seven now, hurry up!" says his wife Rose. Surprise gets done in a hurry. He looks for his pants. He doesn't know where it is. He looks for his shoes. He doesn't know where they are. Now he is getting very worried. Time is running. He does not want to get to work late. "Did you see your shoes under the bed, here is your shirt on the chair, and here are your socks on top of the bed. Don't you have eyes? Don't you remember anything, anything?" asks his wife.*

*“Thank you, thank you, don’t shout at me”. Now Surprise is looking for his bag but he does not know where it is. “Where is my bag Rose?” Surprise shouts out. “It is on top of the cupboard! You are still going to drive me crazy my man!”*

*“I’m sorry, I’m old and I work hard”, says Surprise. He forgets to drink his coffee! Even his lunch he forgot on top of the table as he went out of the house to go to work. Eish, Surprise is indeed a forgetful person!*

Adapted from: Muller, B. and Mthethwa B. 1983. *Sanibona 11*. Noel Glass Press: Durban

**Questions / Imibuzo:**

**Answer in full sentences in isiZulu. / Phendula ngemisho ephелеle.**

- 1.1 USurprise ufuna ukubonani lapho evuka? (2)
- 1.2 Ziphi izicathulo zikaSurprise? (2)
- 1.3 Uyajabula ekuseni uRose? (2)
- 1.4 Siphi isikhwama sikaSurprise? (2)
- 1.5 Ihembe likaSurprise ulithole kuphi? (2)
- 1.6 USurprise uthanda ukufika emsebenzini emva kwesikhathi na? (2)
- 1.7 Yena uSurprise ukhohlwa ukuphuzani phambi kokuphuma endlini? (2)
- 1.8 Wena uyisikhohlwa na? (2)
- 1.9 Wena usanganisa abazali bakho na? (2)
- 1.10 USurprise uthathe ukudla kwasemini na? (2)

**[20]**

## QUESTION 2 / UMBUZO 2

### GRAMMAR / UHLELO: TENSE AND MOOD / INKATHI NENDLELA YESENZO

Read the passage below and fill in the detail as per example.

*Funda isiqephu esingezansi ugcwalise imininingwane njengesibonelo.*

Unina wathi, “konje **ucabanga**<sup>1</sup> ukuthi uhlakaniphile wena na? Alikho iqili **elizikhotha**<sup>2</sup> emhlane.”

Nanso-ke indaba kaMaqinase. Nginitshelile **ngathi**<sup>3</sup> nizoyithanda. **Nibabonile**<sup>4</sup> noThisha **behleka**<sup>5</sup>. Kodwa bengingaqondile **ukunikitaza**<sup>6</sup> nje. Ngifuna nonke nazi ukuthi **angibafuni**<sup>7</sup> oMaqinase lapha esikoleni sami. Ngifuna abantwana **abalalelayo**<sup>8</sup>. **Ngifuna**<sup>9</sup> abantwana abenza lokho abakutshelwayo. **Qondani**<sup>10</sup> ezindlini zenu-ke.”

From: Nyembezi, S. 1989. *Igoda, Ibanga 2*. Lincroft books: Pietrmaritzburg

*The mother said, “So you thought that you are clever? There’s no clever one who can lick his own back”.*

*There it is the story of Maqinase. I told you all that you are going to like it. You also saw the teachers laughing. But I didn’t intend to only amuse you. I want you all to know that I do not want Maqinase and company here at my school. I want children who listen. I want children who do that which they are told to. Off you go to your homes!*

- 2.1 For each of the bold and numbers verbs above, state the tense, mood and whether it is in the positive or negative (aspect).

*Shono ukuthi zonke izenzo ezingenhla ezigqamile ezinenombolo, zikuyiphi inkathi, okunye zikuyiphi indlela bese usho ukuthi zikhomba ukuvuma noma ukuphikisa.*

Example / Isibonelo:

Nginitshelile: Immediate past tense, Indicative Mood, Positive

*Inkathi esanda kudlula, Indlela eqondile, Ukuvuma.*

- |        |             |     |
|--------|-------------|-----|
| 2.1.1  | ucabanga    | (3) |
| 2.1.2  | elizikhotha | (3) |
| 2.1.3  | ngathi      | (3) |
| 2.1.4  | Nibabonile  | (3) |
| 2.1.5  | behleka     | (3) |
| 2.1.6  | ukunikitaza | (3) |
| 2.1.7  | angibafuni  | (3) |
| 2.1.8  | abalalelayo | (3) |
| 2.1.9  | Ngifuna     | (3) |
| 2.1.10 | Qondani     | (3) |

**[30]**

**QUESTION 3 / UMBUZO 3**

Study the picture on the next page. Construct a paragraph of ten sentences describing what you see in the picture.

*Fundisisa isithombe ekhasini elilandelayo. Qamba isigaba esinemisho eyishumi lapho uchaza ukuthi ubonani esithombeni.*



[20]

#### QUESTION 4 / UMBUZO 4

Choose ONE topic from the ones given below and write a short essay of not more than one page on it in isiZulu. Follow the instructions.

*Khetha isihloko esisodwa kulezi ezingezansi ubhala indaba emfushane engeqi ikhasi libe linye. Landela imiyalelo.*

4.1 Isifiso sami (*My wish*)

4.2 Uma ngiqeda ukufunda ngo- 2019 (*When I finish studying in 2019*)

4.3 Ingxoxo phakathi nami nomngane wami (*Dialogue between myself and my friend*)

4.4 Ngo- 2019 kuzoba ukhetho (*In 2019 there will be elections*)

**Instructions / Imiyalelo:**

a) Draw a detailed mindmap of your essay in your answer book (10)

*Dweba uhlaka oluphelele lwendaba yakho encwadini yokuphendula.*

b) You will be assessed on the following:

*Uzohlololwa yilokho:*

- Content / okuquhethwe (10)
- Structure / isakhiwo sendaba (5)
- Grammar / uhlelo (5)

**[30]**

**Grand Total: [100]**

***Isamba samamaki [100]***